
# Injа Enomhobholo

Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngesiSwati nguNokuthula Pretty Ceko-Ndlovu
Umfanekisi nguCClaire Ingram Umhlobisi nguKarma Bosman noRiaan Coetzee




Yahumushwa isuselwa kwesiSwati nguMbongeni Nzimande

WORLD BANK GROUP
Room to Read®
abantwana publishing

ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 1 6/22/23 11:08

UNja wayehlala nomngane wakhe uKati.
Ekuthanda ukudla!





ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 2 6/22/23 11:08


Ngelinye ilanga uKati wahamba wayothenga amaqanda.





ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 4 6/22/23 11:08

UKati wabuya namaqanda wawabeka phezu kwetafula.





ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 6 6/22/23 11:08

Wathi uKati efulathela nje, uNja wayewathatha amaqanda ewadla – **onke!**





ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 7 6/22/23 11:08

Esebuya uKati, wathola ukuthi amaqanda awasekho.





ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 9 6/22/23 11:08

Ngakusasa, uKati wahamba wayothenga ubisi owayeluthanda kakhulu.





ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 10 6/22/23 11:08



Wabuya nebhodlela lobisi walibeka efrijini.



ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 11 6/22/23 11:08

Wasuka lapho uKati,
washanela endlini.





ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 12 6/22/23 11:08

Ngesikhathi uKati esashanela, iNja wanyonyoba wangena ekhishini. Hhawu, wathi efika nje, wayethatha ibhodlela lobisi.






ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 13 6/22/23 11:08

UNja wathela
ubisi endishini,





waluthululela lonke
emphinjeni wakhe.


**Ibhodlela lasala lingenalutho!**



ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 14 6/22/23 11:08




Uthe angasutha uNja,
wayolala kusofa.





ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 15 6/22/23 11:08


UKati wasuka waya ekhishini.
Wabona ibhodlela lobisi lingasenalutho.





ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 16 6/22/23 11:08

“Hhawu! Usuphuze lonke ubisi wena Nja enomhobholo!” kumemeza uKati.





ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 17 6/22/23 11:08

Ngosuku olulandelayo, uNja benoKati baya esilaheni beyothenga inyama.





ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 18 6/22/23 11:08

Bafika ekhaya bayisika kahle.
UKati wayeseyibeka kahle inyama efrijini.





ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 19 6/22/23 11:08

UNja wabona iqatha elikhulu lenyama elinethambo elithambile. Waconsa amathe elihalela... Wahluleka uNja ukuzibamba; walidumela iqatha waliphonsa emlonyeni.





ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 20 6/22/23 11:08

Mimilitiyani!
Wabindwa, inyama isibhajwe emphinjeni.
UNja wayesekhalile, egquma kakhulu ecela usizo.







ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 21
6/22/23 11:08

Washesha okonyazi uKati endondonya uNja emhlane, emshaya ephindelela ngesibhakela.


Iqatha laphuma emlonyeni lindiza. UNja wawa phansi waquleka.





ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 22 6/22/23 11:08

# “Ngeke ngiphinde ngibe nomhobholo!”





ZA_ABP_18_0071_TheGreedyDog_Inside.indd 23 6/22/23 11:08

**Room to Read South Africa**
1209 Francis Baard Street, The Gables, 1 Floor, Hatfield, Pretoria 0028, South Africa
www.roomtoread.org

*Ngonyaka ka 2018 inhlangano yaka REACH yalekelela inhlangano yaka Room to Read kanye nabashicileli baseMzansi ukusungula babhale izincwadi ezingu 20 ngezilimi zaseNingizimu Afrika. Enye nje yalezo zincwadi yiyo le oyiphethe! Lezi zincwadi zaqalwa zabhalwa ngeSipedi, isiSwati, isiTsonga, isiVenda kanye nesiZulu. Zonke lezi zincwadi zitholakala ngazo zonke lezi zilimi kuhlanganisa nesiNgisi. Ukuthola eminye imininingwane, vakashela ku onedayonebook.org*

*Inja Enombobbolo*
The Greedy Dog
Ihunyushwe nguMbongeni Nzimande

Room to Read GSD ID: ZA-ABP-18-0070
ISBN: 978-1-928441-95-3

Ishicilelwe okokuqala iAbantwana Publishing.
Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngesiSwati nguNokuthula Pretty Ceko-Ndlovu.
Umfanekisi nguCClaire Ingram
Umhlobisi nguKarma Bosman noRiaan Coetzee
Umhleli nguKatherine Hofmeyr
ngosizo lwabakwa-One Day One Book, eGoli, mhla ka-9 Juni 2018.

Uma ufisa ukuthenga izincwadi eziningi, sicela uxhumane nomshicileli ngqo.
Abantwana Publishing
145 Corlett Drive, Bramley, Sandton, 2090
Salome Marima | 011 440 3141 | sales@abantwanapublishing.co.za

Lonke lolu hlelo lwaxhaswa ngezimali siyikhwama senhlangano ebhekela imiPhumela yeMfundo eziNganeni eBhange loMhlaba neNhlangano yoMhlaba yeziNcwadi ilekelelwa uMnyango weMfundo eyisiSekelo.

Wonke amalungelo ale ncwadi agodlwe ngabasunguli bazo zonke izingxenye zale ncwadi. Bakhethe ilayisensi yohlobo loHlelo lokuSabalalisa iNcwadi Mahhala, okusho ukuthi incwadi isiyonke ilawulwa yile layisensi. Ngakho, noma ngubani ukhululekile ukufunda, ahumushe, agaye futhi asabalalise le ncwadi. Uma ukhetha ukusebenzisa noma iyiphi ingxenye yale ncwadi, kumele uqhakambise abasunguli bayo.